HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2019

ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA(ISIZULU 1ST ADDITIONAL LANGUAGE)

IBANGA LESISHIYAGALOMBILI( GRADE 8)

IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)

NON- MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY

AMAMAKI: 80 ISIKHATHI : 2 AMAHORA

IMIYALELO KOHLOLWAYO

- Fundisisa ( read carefully) lonke iphepha ngaphambi kokuphendula.
- Phendula (answer) yonke imibuzo.
- Bhala ngobunono(neatly).

**ISIQEPHU A**

**UKUFUNDA NOKUQONDISISA**

1.Fundisisa lesi siqephu bese uphendula imibuzo

**USUKU LUKAGOGO LOKUZALWA**

Igama lami nguLuyanda Mahlobo.Ngihlala eMbo.Ngihlala nomama, ubaba,ugogo, umfowethu,uSiyabonga kanye nodadewethu uLwandle. Namuhla usuku lukagogo lokuzalwa lukagogo wethu.Uqeda iminyaka engamashumi ayisikhombisa (70) azalwa. Ubaba nomama bahlele ukumenzela umcimbi omkhulukazi wosuku lokuzalwa.Igama likagogo uBatheni Mahlobo, wazalelwa endaweni yaseDondotha.Wazalwa mhla zi- 02 kuNovemba.Ubaba nomama bazomenzela umcimbi oyimfihlo( surprise party) ugogo.

Ngosuku lo mcimbi ngivuke ngacela ukuhambisa ugogo edolobheni.Bengenzela ukuthi ekhaya basale behlela umcimbi wakhe.Uvumile –ke ugogo sahamba. Besihamba siphuma singena zonke izitolo zezitshalo ( nurseries) ngoba ugogo uyathanda ukulima ( to grow).

Sathi sifika ekhaya ntambama kwase kukhona ithende elikhulu elihlotshisiwe.Phakathi kukhona zonke izalukazi (old women) ezingabangani bakagogo.Ugogo wahlaliswa esihlalweni esihle kakhulu.

Samculela iculo elithi, " Happy birthday to you" Wamangala nje ugogo.Emva kwalokho ubaba wenza inkulumo( speech) ebonga ugogo ngokumkhulisa ( bring him up).Abantu bapha ugogo izipho ezinhlobonhlobo njengoblanket, igown, ama- morning shoes , iwalking stick nezinye eziningi. Ubaba nomama bona bathengela

ugogo imoto ezishintshayo( automatic car). Bathi benzela ukuthi ahambe kalula uma edinga ukuya ezitolo.Wajabula kakhulu ugogo! Kwabe sekudlalwa izinhlobo zomculo wakudala owawudlalwa ngesikhathi ugogo esemusha.Kwabe kudliwa konke ukudla okumnandi kwakudala.Kwakukhona ujeqe, amadombolo, inyama yangaphakathi,amadumbe , ubhatata nokunye okuningi.Sadla sonke sijabule kakhulu.Lolu kwaba usuku olumnandi kakhulu emndenini wami.

1.1. Ubani igama lomuntu oxoxa le ndaba? (1)
1.2. Ngowakwabani lo oxoxayo? (1)
1.3. Uhlalaphi lo oxoxayo? (1)
1.4. Usuku lwani lolu axoxa ngalo? (1)
1.5. Uqeda iminyaka emingaki ugogo? (1)
1.6. Bahlele ukwenzani ubaba nomama namuhla? (2)
1.7. Ubani igama nesibongo sikagogo womxoxi? (2)
1.8. Wazalelwaphi ugogo womxoxi? (1)
1.9. Uma ugogo eneminyaka engama- 70 , kusho ukuthi wazalwa ngamuphi ( which year was she born) unyaka? Kukhombise ngesibalo (sum) lokhu. (3)
1.10. ULuyanda wahamba wayaphi nogogo wakhe? (1)
1.11. Wazalwa ngaluphi usuku ugogo? (2)
1.12. Kwakukhona ini sebefika ekhaya ugogo noLuyanda? (2)
1.13. Ubaba kaLuyanda wayembongelani ugogo? (2)
1.14. Bhala izipho **ezintathu** ezatholwa ugogo kaLuyanda ngalolu suku? (3)
1.15. Bhala izinhlobo **ezintathu** zokudla okwakukhona. (3)
1.16. Badlala hlobo( type) luni lomculo? (1)

1.17. Ubaba kaLuyanda wamupha luhlobo (type) lwemoto umama wakhe? (1)

1.18. Wena ungamupha( give) ini umama wakho ngosuku lwakhe lokuzalwa? (2)

[30]

**ISIQEPHU B**

**UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

2. Bhala ukuthi akuziphi izigaba ( noun classes) la mabizo alandelayo bese uwasebenzisa emshweni ozakhele wona ( use them in your own sentence)

isibonelo: ubaba > isigaba 1a Ubaba uthanda ukulungisa ingadi.

2.1. Ugogo
2.2. Iminyaka
2.3. abantu
2.4. usuku
2.5. ukudla (10)

3.Bhala isabizwana osinikeziwe kubakaki esikhundleni sebizo elidwetshelwe.

Isibonelo: UThobani uhlakaniphile esikoleni.( isabizwana soqobo)

Yena uhlakaniphile esikoleni

3.1. Izingane zidlala ibhola ngesikhathi sekhefu. ( isabizwana soqobo)

3.2. Amantombaze kade edla ukudla.(isabizwana sokubala nesiqu – nke)

3.3. Uthishanhloko akazithandi izingane ezigangayo.( isabizwana soqobo)

3.4. Abafana abakuthandi ukugeza.( isabizwana sokukhomba eduze)

3.5.Letha izithelo ezivuthiwe. (isabizwana sokukhomba kude) (10)

4.Bhala uqondanise le mibala

| A | B |
|---|---|
| 4.1 yellow<br>4.1 white<br>4.3 purple<br>4.4 black<br>4.5 brown | A. –mhlophe<br>B. –nsundu<br>C. –phuzi<br>D. –bukhwebezane<br>E. –mnyama |

(5)

5.

Bhala igama lobuhlobo obubhalwe ngamagama anzima kule misho.

isibonelo: **Umama kababa** ungithengele unodoli.

**Ugogo** ungithengele unodoli.

5.1.**Izingane zikamalume** bayangithanda.

5.2. Izinkomo **zikababa kamama** zinhle.

5.3.**Umfowabo kamama** usesibhedlela.

5.4.**Udadewabo kababa** sewashona.

5.5.UNonhlanhla **yingane yami yentombazana** yami endala. (5)

6.Qedela imisho elandelayo ngezivumelwano (concords) ezifanele.

Bhala wonke umusho bese udwebela isivumelwano

Isibonelo:Umama ...pheka ukudla okumnandi.

Umama upheka ukudla okumnandi.

6.1. Abantu ....hamba ngebhasi.

6.2.Isitsha sikamama ...file.

6.3. Amantombazane ...thanda ukudlala. (3)

7.Bhala lezi zinombolo ngesiZulu.

Isibonelo: five – kuhlanu

7.1. one

7.2. seven

7.3. nine

7.4.thirteen

7.5.twenty four. (5)

8.Bhala lezi zinsuku ngesiZulu.

Isibonelo: Ubaba ufike **on Wednesday**.

Ubaba ufike **ngoLwesithathu.**

8.1.Ngizohamba **on Saturday** ukuya ekhaya.

8.2.**Monday** besidlala ibhola.

8.3. Namuhla **is Tuesday**

8. 4. Kusasa **is Sunday.**

8.5. Bazobhala isiZulu **on Friday.** (5)

